3. **Qondisa abafundi emsebenzini wangoLwesithathu Encwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
 - a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 46.
 - b. Biza abafundi ngamunye bakusize ukulingisa umsebenzi ngamunye.
 - c. Babonise ukuthi yenziwa kanjani imisebenzi ebhalwayo ebhodini.

Qaphela: Tshela abafundi bayokwenza le misebenzi nozakwabo ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.



Ukubhala ngesandla: Zilolongele ukubhala ngokuhlanganisa



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Ishadi
Lokubhala
Ngesandla

1. **Lungiselela abafundi ukubhala ngesandla.**
 - a. Ithi: Masifudumeze iminwe yethu siyidlalise ngokuyivala siyivule.
 - b. Hlola bese ulungise indlela yokuhlala kwabafundi nokubamba ipensela.
2. **Khmbisa indlela yokubhala izinhlamvu ezilandelayo ngokuhlanganisa:**
Uu Uu Uu
 - a. Njengoba ubhala, chaza indawo yokuqala, indlela yokubhala ngokuhlanganisa phakathi kwezinhlamvu.
 - b. Yalela abafundi ukuthi babhale izinhlamvu ngokuhlanganisa ezincwadini zabo.
 - c. Hamba hamba ekilasini uhlohle umfundi ngamunye ukuthi: ulakha kanjani uhlamvu, uhlanganisa kanjani nokuthi izikhala uzishiya kanjani.



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Yenza Ukufunda Kokuqala



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Iqoqo
Lezindaba,
Ikhasi 63

1. Lungiselela abafundi Ukufunda Kokuqala.

- Hlalisa abafundi kukhaphethi.
- Bakhumbuze ngendlela elindelekile yokuziphatha.
- Khumbuza abafundi ngesihloko sendaba: *UMusa Motha: Umdansi ophikisana namandla adonsela phansi*
- Ithi: *Lena indaba eyiqiniso ngoMusa Motha, umfana okhuthazelayo waseNingizimu Afrika owayethanda ukudlala ibhola lezinyawo. Ngesikhathi eseneminyaka eyisishiyagalolunye, isifo samathambo esibulalayo senza odokotela banqume umlenze wakhe ukuze aphile. UMusa wayengasakwazi ukudlala ibhola lezinyawo, kodwa akavumanga ukuziyekelela. Wabanothando lomculo wabe esezifundisa ukudansa esebenzisa izinduku zokuhamba! Ngamandla amangalisayo nangokuzimelela, wasebenza kanzima nsukuzonke ukubonisa umhlaba ukuthi umzimba wakhe wawumuhle futhi unamandla. Akesifunde ukuze sazi kabanzi ukuthi umdanso wayiguqula kanjani impilo kaMusa.*
- Buza: Kukhona okwaziyo ngalokhu?

2. Yenza Ukufunda Kokuqala kanje:

- Fundela ikhasi lendaba ngalinye phezulu, kushelele futhi kuzwakale.
- Khombisa abafundi izithombe.
- Lapho kufanele khona, yima uchazele abafundi.
- Balula amagama akulwazimagama uma evela.
- Ekugcineni kwendaba, buza imibuzo ngoKufunda 1 kanje:
 - Bhekisa Umbuzo 1 & 2 kubafundi ngamunye.
 - Bhekisa Umbuzo 3 & 4 ekilasini lonke. Cela abafundi baxoxe nozakwabo ngalo mbuzo.
 - Biza idlanzana labafundi lizokwabelana ngezimpendulo zalo.
- Khumbuza abafundi ngesu lokuqondisisa.
 - Ithi: Kuleli sonto sifunda indlela yokuthi: Hlolisisa.
 - Buza abafundi: Ngokuvamile sifunda okuthile endabeni. Ngezinye izikhathi kudingeka sinqume ukuthi into ethile ibilungile noma ibingalungile. Ngezinye izikhathi kudingeka sinqume ukuthi into ethile ibiyinhle noma ibiyimbi. Ufunde ini kule ndaba?



Ukubhala: Uthisha ubonisa umbhalo ongakapheleli



ISIKHATHI:
imizuzu
engama-20



IZINSIZA:
Uhlaka
lokubhala

1. **Ethula kabusha isihloko sombhalo kanye nokudingekayo.**
 - a. Ithi: Kulo mjikelezo sizobhala: Umuntu osempilweni yami othanda ukudansa.
 - b. Chaza okudingekayo ngomsebenzi:
 - Uhlobo: Ukulandisa komuntu / indaba yomuntu siqu
 - Imisho / izigaba: Bhala izigaba ezimbili enemisho engaphezu kwemine, esinye sinesihloko esihlukile kunesinye.
 - KNZ: Isabizwana sisetshenziswa emshweni ukusisiza sikhulume ngokuthi ubani owenzani ngaphandle kokubalula igama lakhe.
2. **Bonisa umsebenzi ebhodini.**
 - a. Khumbuza abafundi ngemibono yakho esuselwe emephini yakho yengqondo.
 - b. Khombisa abafundi ukwenza uhlaka lombhalo besebenzisa uhlelo lwakho.
3. **Yalela abafundi ukuthi baqale babhale ezincwadini zabo zokubhalela.**
 - Ithi: Manje sebenzisa uhlelo lwakho ukugcwalisa uhlaka lombhalo.
4. **Hamba phakathi kwabo bese usiza abafundi ngamunye baqale ukubhala.**
 - a. Ithi: Asibheke emephini yakho yengqondo siyisebenzise ukuqala ukubhala.
 - b. Siza abafundi abanezinselelo ukusebenzisa uhlaka lombhalo.

Uhlaka lokubhala:

U___ wami uthanda ukudansa...

Umdanso awuthandayo u...

Uthanda ukudansa uma...

Uma edansa, kumenza azizwe...

Ngithanda ukumbuka edansa ngoba...

Uma edansa, ngicabanga ukuthi ubukeka...

Uma ngimbuka edansa, ngizizwa...

Ngi/ Angithandi uku...



UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Sebenza namaQembu 5&6



ISIKHATHI:
imizuzu
engama-30



IZINSIZA:
Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

Izincwadi
zebanga /
Izincwadi
zamazinga
(ezingahli-
nze kwanga
yiNHLRP)

1. **Lungiselela abafundi ukuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Qiniseka ukuthi abafundi bayawazi amaqembu abo okufunda.
 - b. Hlalisa abafundi ngababili kanye Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo, izincwadi zokubhalela namapensela.
 - c. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 46.
2. **Sebenzisana nabafundi emsebenzini yosuku eNcwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
Khumbuza abafundi okufanele bakwenze ukuqedela umsebenzi ngamunye.
3. **Bizela iQembu 5 endaweni yakho yokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Hlalisa iqembu Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo.
 - b. Biza umfundi ngamunye azofunda imisindo yemisindo.
 - c. Biza umfundi ngamunye azoqedela imisebenzi yokuguqulela enkulumeni (ukudikhoda).
 - d. Biza umfundi ngamunye afunde amagama noma ingxenye yendaba yesonto elidlule.
 - e. Bhala phansi amagama abafundi abadinga ukwesekwa.
 - f. Bhala phansi imisindo edinga ukuhlanganiswa.
4. **Ukusebenzisa izincwadi zebanga / Izincwadi zamazinga**
 - a. Yabela iqembu izincwadi zokufunda ezikhona. (Izincwadi zokufunda zeBanga / zamaZinga)
 - b. Lalela umfundi ngamunye efunda encwadini kuzwakale.
 - c. Uma kuhambelana nenqubomgomo yesikole nikeza abafundi izincwadi zebanga / izincwadi zamazinga baye nazo ekhaya.
5. **Buyisela iQembu 5 emadeskini alo, bese ubiza iQembu 6.**



Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Izinsiza
zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, amaQoqo eziNdaba Nezincwadi Zezindaba - zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokunqondisisa.



Imisindo: Buyekeza umndeni wemisindo



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Amakhadi
Emisindo
Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

1. **Tshela abafundi ukuthi namuhla sizoghubeka nokubuyekeza imisindo ehlobene ne: ts**
 - a. Tshela abafundi babuyele esihlokwini ezincwadini zabo: Umndeni wemisindo: ts, w
2. **Cela abafundi bahlanganise imisindo: ts**
 - a. Tshela abafundi babhale phansi umsindo ohlanganisiwe nawo onke amagama abawaziyo asebenzisa lowo msindo ohlanganisiwe.
 - b. Emuva kwemizuzu embalwa, biza abafundi abahlukene babelane ngamagama abo.
 - c. Okulandelayo, bhala amagama alandelayo ebhodini, uwaphimise ngemisindo njengoba uwabhala: tsaka, tsewula, isitsaka
 - d. Tshela abafundi bakopishele la magama ezincwadini zabo futhi badwebele umsindo ohlanganisiwe.
3. **Phinda ngokuhlanganisa imisindo: t, totosa, esitolo**
4. **Qondisa abafundi emsebenzini wangoLwesine Encwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
 - a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 47.
 - b. Biza abafundi ngamunye bakusize ukulingisa umsebenzi ngamunye.
 - c. Babonise ukuthi yenziwa kanjani imisebenzi ebhalwayo ebhodini.

Qaphela: Tshela abafundi bayokwenza le misebenzi nozakwabo ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.



Ukubhala ngesandla: Zilolongele ukubhala ngokuhlanganisa



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Ishadi
Lokubhala
Ngesandla

1. **Lungiselela abafundi ukubhala ngesandla.**
 - a. Ithi: Masifudumeze iminwe yethu ngokucindezela izandla zibe yisibhakela sibale ka-5, bese sikhulule.
 - b. Hlola bese ulungise indlela yokuhlala kwabafundi nokubamba ipensela.
2. **Khmbisa indlela yokubhala izinhlamvu ezilandelayo ngokuhlanganisa:**
Ue Ua Uio Iev Ori
 - a. Njengoba ubhala, chaza indawo yokuqala, indlela yokubhala nokuhlanganisa phakathi kwezinhlamvu.
 - b. Yalela abafundi ukuthi babhale izinhlamvu ngokuhlanganisa ezincwadini zabo.
 - c. Hamba hamba ekilasini uhlohle umfundi ngamunye ukuthi: ulakha kanjani uhlamvu, uhlanganisa kanjani nokuthi izikhala uzishiya kanjani.



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Yenza Ukufunda Kwesibili



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Iqoqo
Lezindaba,
Ikhasi 63

1. **Lungiselela abafundi Ukufunda Kwesibili.**
 - a. Hlalisa abafundi kukhaphethi.
 - b. Bakhumbuze ngendlela elindelekile yokuziphatha.
 - c. Khumbuza abafundi ngesihloko sendaba: *UMusa Motha: Umdansi ophikisana namandla adonsela phansi*
 - d. Khumbuza abafundi ngesu lokuqondisisa.
 - Ithi: Kuleli sonto sifunda indlela yokuthi: Hlolisisa.
 - Ithi: Khumbulani besixoxa ngalokhu izolo, ngesikhathi nginibuza: Ngokuvamile sifunda okuthile endabeni. Ngezinye izikhathi kudingeka sinqume ukuthi into ethile ibilungile noma ibingalungile. Ngezinye izikhathi kudingeka sinqume ukuthi into ethile ibiyinhle noma ibiyimbi. Ufunde ini kule ndaba?
2. **Yenza Ukufunda Kwesibili kanje:**
 - a. Fundela ikhasi lendaba ngalinye phezulu, kushelele futhi kuzwakale.
 - b. Khombisa abafundi isithombe.
 - c. Sebenzisa izibonelo ezisekhasini lesingeniso ukukhombisa isiqondiso sokuqondisisa.
 - d. Ekugcineni kwendaba, buza imibuzo ngoKufunda 2 kanje:
 - Bhakisa Umbuzo 1 & 2 kubafundi ngamunye.
 - Bhakisa Umbuzo 3 & 4 ekilasini lonke. Cela abafundi baxoxe nozakwabo ngalo mbuzo.
 - Biza idlanzana labafundi lizokwabelana ngezimpendulo zalo.



Ukubhala: Umbhalo wabafundi ongakapheleli



ISIKHATHI:
imizuzu
engama-20



IZINSIZA:
Uhlaka
lokubhala

1. **Khumbuza abafundi ngomsebenzi obhalwayo kanye nokudingekayo.**
 - a. Ithi: Namuhla sizogedela umbhalo: Umuntu osempilweni yami othanda ukudansa.
2. **Tshela abafundi baqhubeke nokubhala ezincwadini zabo zokubhalela.**
3. **Hlukanisa.**
 - a. Hamba phakathi kwabo bese usiza abafundi abanezinselelo ngokugcwalisa uhlaka lombhalo.
 - b. Nikeza abafundi abasebephambili umsebenzi othe xaxa: Nezela imininingwane efana namagama achazayo emishweni yakho.
4. **Nikeza umsebenzi wasekhaya ngokwesidingo.**
 - a. Chaza ukuthi abafundi kufanele baqedele umsebenzi wabo osenokulungiswa ekhaya uma bengakawuqedi.

Uhlaka lokubhala:

U___ wami uthanda ukudansa...

Umdanso awuthandayo u...

Uthanda ukudansa uma...

Uma edansa, kumenza azizwe...

Ngithanda ukumbuka edansa ngoba...

Uma edansa, ngicabanga ukuthi ubukeka...

Uma ngimbuka edansa, ngizizwa...

Ngi/ Angithandi uku...



UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Sebenza namaqembu 7&8



ISIKHATHI:
imizuzu
engama-30



IZINSIZA:
Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

Izincwadi
zebanga /
Izincwadi
zamazinga
(ezingahli-
nze kwanga
yiNHLRP)

1. **Lungiselela abafundi ukuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Qiniseka ukuthi abafundi bayawazi amaqembu abo okufunda.
 - b. Hlalisa abafundi ngababili kanye Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo, izincwadi zokubhalela namapensela.
 - c. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 47.
2. **Sebenzisana nabafundi emsebenzini yosuku eNcwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
Khumbuza abafundi okufanele bakwenze ukuqedela umsebenzi ngamunye.
3. **Bizela iQembu 7 endaweni yakho yokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Hlalisa iqembu Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo.
 - b. Biza umfundi ngamunye azofunda imisindo yemisindo.
 - c. Biza umfundi ngamunye azoqedela imisebenzi yokuguqulela enkulumeni (ukudikhoda).
 - d. Biza umfundi ngamunye afunde amagama noma ingxenye yendaba yesonto elidlule.
 - e. Bhala phansi amagama abafundi abadinga ukwesekwa.
 - f. Bhala phansi imisindo edinga ukuhlanganiswa.
4. **Ukusebenzisa izincwadi zebanga / Izincwadi zamazinga**
 - a. Yabela iqembu izincwadi zokufunda ezikhona. (Izincwadi zokufunda zeBanga / zamaZinga)
 - b. Lalela umfundi ngamunye efunda encwadini kuzwakale.
 - c. Uma kuhambelana nenqubomgomo yesikole nikeza abafundi izincwadi zebanga / izincwadi zamazinga baye nazo ekhaya.
5. **Buyisela iQembu 7 emadeskini alo, bese ubiza iQembu 8.**



Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Izinsiza
zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, amaQoqo eziNdaba Nezincwadi Zezindaba - zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokunqondisisa.



Ukulalela Nokukhuluma: Xoxani ngendaba Yokufunda Ngokuhlanganyela



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Uhlaka
lwengxoxo:
Le ndaba
ibimayelana...
Ngiyithandile
ngesikhathi...
Ngifunde
ukuthi...

1. **Lungisa abafundi ubalungiselele ingxoxo yeqembu.**
 - a. Hlela abafundi babe ngamaqembu ahamba ngaba-4.
 - b. Nikeza iqembu ngalinye 'induku noma itshe lokukhuluma'.
 - c. Ithi: Ungakhuluma kuphela uma uphethe 'induku/itshe lokukhuluma'.
2. **Xoxani ngemibuzo yengxoxo.**
 - a. Khumbuza abafundi ngendaba yokwabelana yaleli onto.
 - b. Bhala uhlaka lwengxoxo ebhodini.
 - c. Funda bese uchaza umbuzo ngamunye (ukuqala komusho).
 - d. Tshela abafundi ukuthi ilungu ngalinye leqembu kumele lithole ithuba lokuphendula umbuzo ngamunye.
 - e. Khuthaza abafundi bacabange ngezimpendulo ezahlukene.
3. **Yalela abafundi baqale izingxoxo zabo.**
 - a. Yalela abafundi abaphethe 'induku/itshe lokukhuluma' baqale.
 - b. Hamba phakathi kwabo ubasize lapho kunesidingo.
 - c. Emizuzwini yokugcina, bizela iqembu lizokwabelana ngezimpendulo zalo.
4. **Ukulungiselela abafundi**
 - a. Khetha abafundi aba-3-4 ukuba benze Izethulo Zomlomo ngoMsombuluko.
 - b. Tshela laba bafundi yini abazoyilungiselela yangoMsombuluko. (Bheka uhlelo lwezifundo ze-LK zangoMsombuluko)



Imisindo: Isibizelo



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

1. **Hlalisa abafundi nezincwadi, amapensela kanye namarula abo.**
 - a. Tshela abafundi babhale isihloko esithi, 'Isibizelo' bese bebhala izinombolo – eduze komugqa oseceleni.
 - b. Biza la magama amahlanu alandelayo ukuze abafundi bawabhale eceleni kwezinombolo 1–5 tswina, tsewula, isexwayiso, umxhwele, xolela
 - c. Okulandelayo, tshela abafundi babhale umusho owubizayo, basebenzise izimpawu ezifanele.
 - d. Biza lo musho olandelayo. Wuphinde ngokunensa, kabili uma kudingeka: Isitsaka sikababa siyabonakala.
2. **Tshela abafundi basebenzise amapensela anombala ukulungisa umsebenzi wabo.**
 - a. Bhala la magama amahlanu kanye nomusho ebhodini.
 - b. Njengoba ubhala, phimisa igama ngalinye.
 - c. Kulo musho, khombisa uphawu lokubhala olusetshenzisiwe.
 - d. Tshela abafundi bakokelezele amaphutha abo ngepensela elinombala.
 - e. Tshela abafundi babhale kabusha amaphutha abo bawalungise.
3. **Qaphela izinselelo kanye nenqubekela phambili yabafundi.**
4. **Qondisa abafundi emsebenzini wangoLwesihlanu Encwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
 - a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 48.
 - b. Funda umbhalo ngokuzwakalayo. Tshela abafundi balandele ezincwadini zabo njengoba ufunda.
 - c. Funda umbhalo futhi, kulokhu, abafundi kumele bajoyine bafunde nawe.
 - d. Bonisa ebhodini indlela yokugcwalisa umsebenzi wokuqonda obhaliwe.
 - e. Bonisa ukuthi uqedelwa kanjani umsebenzi weMofoloji ebhodini.

Qaphela: Tshela abafundi bayokwenza le misebenzi nozakwabo ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Yenza Ukufunda Kwangemuva



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Iqoqo
Lezindaba,
Ikhasi 63

1. **Lungiselela abafundi Ukufunda Kwangemuva.**
 - a. Khumbuza abafundi ngesihloko sendaba: *UMusa Motha: Umdansi ophikisana namandla adonsela phansi*
 - b. Chaza ngomsebenzi. Ithi: Namhlanje sizothathela futhi sibhale ngengxenye esiyithandayo yendaba.
2. **Bonisa umsebenzi kanje:**
 - a. Vala amehlo wenze sengathi uyacabanga.
 - b. Vula amehlo bese uthi: ingxenye engiyithandile endabeni kulapho
 - c. Gwema ukukhetha izimpendulo ezisobala kakhulu ngesibonelo sakho.
 - d. Dweba isithombe ngokushesha ebhodini. Ngesikhathi udweba, chaza ukuthi udweba ini.
 - e. Engeza umusho o 1-2 mayelana nomudwebo wakho: Ngithande
3. **Yalela abafundi ukuthi baqedele umsebenzi.**
 - a. Tshela abafundi bavale amehlo bacabange ngengxenye abayithandayo yendaba.
 - b. Ithi: Cabangani ngomqondo wakho, ungakopeli isibonelo sami.
 - c. Okulandelayo, tshela abafundi bavule amehlo bese bexoxa ngezimpendulo zabo nozakwabo.
 - d. Bese, utshele abafundi badwebe le ngxenye yendaba ezincwadini zabo zokuzilolonga.
 - e. Siza abafundi banezele imisho engu - emidwebeni yabo.
4. **Vumela abafundi babelane ngomsebenzi wabo.**
 - a. Nikeza abafundi imizuzwana bakhombise abalingani umsebenzi wabo.
 - b. Biza omunye umfundi azokwabelana nekilasi ngomsebenzi wakhe.



Ukubhala: Uthisha ukhombisa indlela yokuhlela bese umfundi uyahlela



ISIKHATHI:
imizuzu
engama-20



IZINSIZA:
Incwadi Yoku-
sebenzela
YeDBE 2,
ekhasini 57

1. **Khumbuza abafundi ngomsebenzi obhalwayo:** Umuntu osempilweni yami othanda ukudansa
2. **Ethula uhlu lokuhlola okushicilelwe**
 - a. Ithi: Namuhla sizoshicilela imibhalo yethu sisebenzisa uhlu lokuhlola:
 - Imisho / izigaba: Bhala izigaba ezimbili enemisho engaphezu kwemine, esinye sinesihloko esihlukile kunesinye.
 - KNZ: Isabizwana sisetshenziswa emshweni ukusisiza sikhulume ngokuthi ubani owenzani ngaphandle kokubalula igama lakhe.
3. **Bonisa ukushicilela.**
 - a. Bhala umusho onephutha ebhodini.
4. **Tshengisa abafundi balishicilele kanjani iphutha.**
5. **Tshela abafundi bafunde bese beshicilela imibhalo yabo.**
 - a. Ithi: Manje sekuyisikhathi sokufunda bese ushicilela umbhalo wakho.
 - b. Hamba phakathi kwabo bese usiza abafundi abanezinselelo bafunde bese beshicilela imibhalo yabo.
6. **Nikeza umsebenzi obhalwayo oseNcwadini yomsebenzi yeDBE.**
 - a. Uma abafundi beqeda ukushicilela, bachazele kufanele basebenzele encwadini yabo yomsebenzi yeDBE.
 - b. Tshela abafundi benze umsebenzi:
 - Encwadini yomsebenzi yeDBE ekhasini: 57
 - Qedela Umsebenzi othi 'Asibhale' ongenzansi kwekhasi. Bhala imisho emi-3 mayelana nosuku lwakho lokuzalwa.



UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Sebenza namaQembu 9&10



ISIKHATHI:
imizuzu
engama-30



IZINSIZA:
Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

Izincwadi
zeBanga /
Izincwadi
zamazinga
(ezingahli-
nzekwanga
yiNHLRP)

1. **Lungiselela abafundi ukuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Qiniseka ukuthi abafundi bayawazi amaqembu abo okufunda.
 - b. Hlalisa abafundi ngababili kanye Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo, izincwadi zokubhalela namapensela.
 - c. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 48.
2. **Sebenzisana nabafundi emsebenzini yosuku eNcwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
Khumbuza abafundi okufanele bakwenze ukuqedela umsebenzi ngamunye.
3. **Bizela iQembu 9 endaweni yakho yokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Hlalisa iqembu Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo.
 - b. Biza umfundi ngamunye azofunda imisindo yemisindo.
 - c. Biza umfundi ngamunye azoqedela imisebenzi yokuguqulela enkulumeni (ukudikhoda).
 - d. Biza umfundi ngamunye afunde amagama noma ingxenye yendaba yesonto elidlule.
 - e. Bhala phansi amagama abafundi abadinga ukwesekwa.
 - f. Bhala phansi imisindo edinga ukuhlanganiswa.
4. **Ukusebenzisa izincwadi zeBanga / Izincwadi zamazinga**
 - a. Yabela iqembu izincwadi zokufunda ezikhona. (Izincwadi zokufunda zeBanga / zamaZinga)
 - b. Lalela umfundi ngamunye efunda encwadini kuzwakale.
 - c. Uma kuhambelana nenqubomgomo yesikole nikeza abafundi izincwadi zeBanga / izincwadi zamazinga baye nazo ekhaya.
5. **Buyisela iQembu 9 emadeskini alo, bese ubiza iQembu 10.**



Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Izinsiza
zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, amaQoqo eziNdaba Nezincwadi Zezindaba - zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokunqondisisa.



Ukulalela Nokukhuluma: Yethula indikimba



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Izithombe
nezinto
zangempela
zokubonisa
indikimba

Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

1. **Lungisa isiboniso lwendikimba: Sithola usizo**
2. **Buza imibuzo evulelekile ukuvuselela ulwazi lwangaphambilini lwabafundi.**
 - Yisiphi isikhathi lapho wake wadinga usizo?
 - Ubani okusizayo ngenkathi uzizwa unosizi, ugula noma ukhathazekile?
 - Yiluphi uhlobo lwabasizi abakhona emphakathini wakho?
3. **Yenza ibalazwe lengqondo usebenzisa imibuzo nezimpendulo zabafundi.**
4. **Yengeza ezakho izimpendulo ebalazweni lengqondo ukwengeza ulwazi lwabafundi.**
5. **Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 50.**
6. **Yalela abafundi bakhombe ukunothiswa kolimi ukuthola indikimba.**
 - a. Funda kuzwakale ukunothiswa kolimi.
 - b. Yalela abafundi ukuthi bafunde kanye nawe, noma baphinde emva kwakho:
Izandla ziyagezana
7. **Xoxa nabafundi ngokunothiswa kolimi.**
 - a. Buza: Ningangitshela ukuthi kuchazani lokhu? / Ningazicabangela impendulo?
 - b. Khuthaza abafundi babelane ngemibono.
 - c. Chaza incazelo noma ubanikeze impendulo kanje:
Lesi saga sisho ukuthi abantu bayasizana, usiza ophila nabo, nabo bakusize.



Imisindo: Buyekeza umndeni wemisindo



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Amakhadi
Emisindo
Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

1. **Tshela abafundi ukuthi namuhla sizobuyekeza imisindo ehlobene ne: gx**
 - a. Khombisa abafundi ikhadi lemisindo lefonimu ngayinye kulawa alandelayo: gx, w, n
 - b. Cela abafundi ngabanye bafunde umsindo ngamunye.
 - c. Tshela abafundi babhale isihloko ezincwadini zabo: Umndeni wemisindo: gx, w, n
2. **Cela abafundi bahlanganise imisindo: gxw**
 - a. Tshela abafundi babhale phansi umsindo ohlanganisiwe nawo onke amagama abawaziyo asebenzisa lowo msindo ohlanganisiwe.
 - b. Emuva kwemizuzu embalwa, biza abafundi abahlukene babelane ngamagama abo.
 - c. Okulandelayo, bhala amagama alandelayo ebhodini, uwaphimise ngemisindo njengoba uwabhala: $gxwala, gxwabaza, isigxwala$
 - d. Tshela abafundi bakopishele la magama ezincwadini zabo futhi badwebele umsindo ohlanganisiwe.
3. **Qondisa abafundi emsebenzini wangoMsombuluko Encwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
 - a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 52.
 - b. Biza abafundi ngamunye bakusize ukulingisa umsebenzi ngamunye.
 - c. Babonise ukuthi yenziwa kanjani imisebenzi ebhalwayo ebhodini.

Qaphela: Tshela abafundi bayokwenza le misebenzi nozakwabo ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.



Ukubhala ngesandla: Fundisa ukwakheka kwezinhlamvu ezincane ngokubhala ngokuhlanganisa



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Ishadi
Lokubhala
Ngesandla

1. **Lungiselela abafundi ukubhala ngesandla.**
 - a. Ithi: Masifudumeze iminwe yethu ngokufonyoza iphepha sibuye silelule.
 - b. Hlola bese ulungise indlela yokuhlala kwabafundi nokubamba ipensela.
2. **Khombisa abafundi ukwakhiwa kohlamvu:** *b b b*
 - a. Yima ufulathele abafundi.
 - b. Yalela abafundi abasebenzisa isandla sesinxele babeke amakhanda emadeskini abo.
 - c. Sebenzisa isandla sakho sokudla ukwakha uhlamvu: *b b b*
 - d. Yalela abafundi abasebenzisa isandla sokudla bakhe uhlamvu kanye nawe.
 - e. Phinda loku nabafundi abasebenzisa isandla sesinxele.
3. **Yalela abafundi bazilolongele ukwakha:** *b b b*
 - a. Ithi: Yakha uhlamvu emhlane kazakwenu, edeskini, esihlabathini.
4. **Yalela abafundi bazilolongele ukubhala:** *b b b*
 - a. Ithi: Bhala uhlamvu encwadini yakho yokubhalela x3.
 - b. Hamba hamba uhlole umfundi ngamunye ngokuthi ulakha kanjani uhlamvu.



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Yethula indaba



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Iqoqo
Lezindaba,
Ikhasi
lesingeniso 75

1. Yethula indaba.

- a. Ithi: Kuleli sonto sizofunda indaba esihloko sithi, *Amahlengethwa ayahlenga*.
- b. Ithi: *Ngelinye ilanga ukuseni, umgwedli wamagagasi ogama lakhe lingu Todd Endris waphuma waya olwandlekazi eCalifornia. Wayegwedla ebhodini lakhe lokugwedla ngesikhathi ushaka omkhulu omhlophe umhlasela ngokuphazima kweso! Ushaka waluma umlenze kaTodd wabe esebhajwa ekujuleni kwamanzi. UTodd wazama ngawo wonke amandla akhe ukulwa, kodwa ushaka wawunamandla kakhulu. Ngalesi sikhathi edinga usizo, amahlengethwa ayisithupha amahle aphuthuma kuye. Abhukuda ngesiyingi esiminyene ezungeza uTodd. Ingabe uTodd wakwazi yini ukubuyela ebhishi elinesihlabathi ephephile? Akesifunde le ndaba eyiqiniso futhi ejabulisayo ukwazi kabanzi.*
- c. Buza: Kukhona okwaziyo ngalokhu?
- d. Khombisa abafundi izithombe zendaba kafushane.

2. Yakha ulwazi lwangaphambilini lwabafundi.

- a. Yabelana futhi uchaze ngemininingwane yangaphambilini oyinikeziwe ngendaba.
- b. Khombisa abafundi ukuthi indaba yenzekaphi usebenzisa ibalazwe leqoqo Lezindaba.
- c. Buza: Ninayo imibuzo ngale ndaba?

3. Chaza isu lokuqondisisa.

- a. Ithi: Kuleli sonto sizofunda ngokuthi: Buka ngeso lengqondo.
- b. Chazela abafundi ngesu lokuqondisisa.



UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Sebenza namaQembu 1&2



ISIKHATHI:
imizuzu
engama-30



IZINSIZA:
Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

Izincwadi
zebanga /
Izincwadi
zamazinga
(ezingahli-
nze kwanga
yiNHLRP)

1. **Lungiselela abafundi ukuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Qiniseka ukuthi abafundi bayawazi amaqembu abo okufunda.
 - b. Hlalisa abafundi ngababili kanye Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo, izincwadi zokubhalela namapensela.
 - c. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 52.
2. **Sebenzisana nabafundi emsebenzini yosuku eNcwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
Khumbuza abafundi okufanele bakwenze ukuqedela umsebenzi ngamunye.
3. **Bizela iQembu 1 endaweni yakho yokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Hlalisa iqembu Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo.
 - b. Biza umfundi ngamunye azofunda imisindo yemisindo.
 - c. Biza umfundi ngamunye azoqedela imisebenzi yokuguqulela enkulumeni (ukudikhoda).
 - d. Biza umfundi ngamunye afunde amagama noma ingxenye yendaba yesonto elidlule.
 - e. Bhala phansi amagama abafundi abadinga ukwesekwa.
 - f. Bhala phansi imisindo edinga ukuhlanganiswa.
4. **Ukusebenzisa izincwadi zebanga / Izincwadi zamazinga**
 - a. Yabela iqembu izincwadi zokufunda ezikhona. (Izincwadi zokufunda zeBanga / zamaZinga)
 - b. Lalela umfundi ngamunye efunda encwadini kuzwakale.
 - c. Uma kuhambelana nenqubomgomo yesikole nikeza abafundi izincwadi zebanga / izincwadi zamazinga baye nazo ekhaya.
5. **Buyisela iQembu 1 emadesikini alo, bese ubiza iQembu 2.**



Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Izinsiza
zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, amaQoqo eziNdaba Nezincwadi Zezindaba - zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokunqondisisa.



Ukulalela Nokukhuluma: Fundisa ulwazimagama



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Amakhadi
olwazi-
magama,
izithombe,
izinto

Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

1. **Khumbuza abafundi ngendikimba.**
 - a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 50.
 - b. Phinda ufunde noma usho ukunothiswa kolimi.
 - c. Khombisa abafundi uhlu lwamagama olukulwazimagama lwendikimba.
 - d. Chaza ukuthi la magama azosisiza ukuqonda nokukhuluma ngendikimba.
 - e. Bafundele uhlu lwamagama.
2. **Sebenzisa iKLTY ukufundisa ngolwazimagama.**
 - a. Fundisa amagama alandelayo kulwazimagama:
 - *ihlengethwa: Isilwane esihlakaniphile esihlala olwandle. Amahlengethwa izilwane ezincelisayo eziphefumula umoya, njengabantu.*
 - *hlenga: ukusiza umuntu osengozini.*
 - *ibhodi lokuntweza emanzini: Ibhodi elide elisetshenziselwa ukugibela amagagasi olwandle.*
 - *Umgwedli: Umuntu ogibela amagagasi ngebhodi lokuntweza emanzini.*
3. **Sebenzisa amasu eKLTY ahambisana negama ngalinye:**

K: Khomba isithombe noma into yangempela
 L: Lingisa igama
 T: Tshela abafundi incazelo yegama
 Y: Yisho leli gama emshweni



Imisindo: Buyekeza umndeni wemisindo



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Amakhadi
Emisindo
Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

1. **Tshela abafundi ukuthi namuhla sizoghubeka nokubuyekeza imisindo ehlobene ne: *gx***
 - a. Tshela abafundi babuyele esihlokweni ezincwadini zabo: Umndeni wemisindo: *gx*, *w*, *n*
2. **Cela abafundi bahlanganise imisindo: *ngx***
 - a. Tshela abafundi babhale phansi umsindo ohlanganisiwe nawo onke amagama abawaziyo asebenzisa lowo msindo ohlanganisiwe.
 - b. Emuva kwemizuzu embalwa, biza abafundi abahlukene babelane ngamagama abo.
 - c. Okulandelayo, bhala amagama alandelayo ebhodini, uwaphimise ngemisindo njengoba uwabhala: *ingxoxo*, *ingxenye*, *ingxubevange*
 - d. Tshela abafundi bakopishele la magama ezincwadini zabo futhi badwebele umsindo ohlanganisiwe.
3. **Phinda ngokuhlanganisa imisindo: *gx*, *gxila*, *gxoba***
4. **Qondisa abafundi emsebenzini wangoLwesibili Encwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
 - a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 53.
 - b. Biza abafundi ngamunye bakusize ukulingisa umsebenzi ngamunye.
 - c. Babonise ukuthi yenziwa kanjani imisebenzi ebhalwayo ebhodini.

Qaphela: Tshela abafundi bayokwenza le misebenzi nozakwabo ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.



Ukubhala ngesandla: Fundisa ukwakha usonhlamvukazi ngokuhlanganisa



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Ishadi
Lokubhala
Ngesandla

1. **Lungiselela abafundi ukubhala ngesandla.**
 - a. Ithi: Masifudumeze iminwe yethu ngokunyakazisa izandla zethu.
 - b. Hlola bese ulungise indlela yokuhlala kwabafundi nokubamba ipensela.
2. **Khombisa abafundi ukwakhiwa kohlamvu:** B B B
 - a. Yima ufulathele abafundi.
 - b. Yalela abafundi abasebenzisa isandla sesinxele babeke amakhanda emadeskini abo.
 - c. Sebenzisa isandla sakho sokudla ukwakha uhlamvu, B B B
 - d. Yalela abafundi abasebenzisa isandla sokudla bakhe uhlamvu kanye nawe.
 - e. Phinda loku nabafundi abasebenzisa isandla sesinxele.
3. **Yalela abafundi bazilongele ukwakha:** B B B
 - Ithi: Yakha uhlamvu emhlane kazakwenu, edeskini, esihlabathini.
4. **Yalela abafundi bazilongele ukubhala:** B B B
 - a. Ithi: Bhala uhlamvu encwadini yakho yokubhalela x3.
 - b. Hamba hamba uhlole umfundi ngamunye ngokuthi ulakha kanjani uhlamvu.



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Yenza Ukufunda Kwangaphambili



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Iqoqo
Lezindaba,
Ikhasi 77

1. **Hlela abafundi balungele Ukufunda Kwangaphambili.**
 - a. Biza abafundi bazohlala kukhaphethi noma phansi.
 - b. Hlala phambi kwabafundi neQoqo Lezindaba.
 - c. Qiniseka ukuthi bonke abafundi bayayibona incwadi.
 - d. Khumbuza abafundi ngendlela yokuziphatha elindelekile ngesikhathi Sokufunda Ngokuhlanganyela, isib. Hlala ngemilenze ephindiwe; beka izandla emathangeni; lalélisisa; phendula uma ubizwa; phakamisa isandla uma ufuna ukubuza umbuzo.
2. **Yenza Ukufunda Kwangaphambili kanje:**
 - a. Isho isihloko sendaba: *Amahlengethwa ayahlenga*.
 - b. Chaza ngekhono lokubikezela. Ithi: Uma sibikezela, sisebenzisa isihloko nezithombe ukuqagela ukuthi indaba ingani.
 - c. Khombisa abafundi izithombe ekhasini ngalinye.
 - d. Buza: Nicabanga ukuthi kwenzakalani lapha?
 - e. Buza: Nicabanga ukuthi lezi zithombe zixhumana kanjani?



UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Sebenza namaQembu 3&4



ISIKHATHI:
imizuzu
engama-30



IZINSIZA:
Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

Izincwadi
zebanga /
Izincwadi
zamazinga
(ezingahli-
nzezwanga
yiNHLRP)

1. **Lungiselela abafundi ukuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Qiniseka ukuthi abafundi bayawazi amaqembu abo okufunda.
 - b. Hlalisa abafundi ngababili kanye Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo, izincwadi zokubhalela namapensela.
 - c. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 53.
2. **Sebenzisana nabafundi emsebenzini yosuku eNcwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
Khumbuza abafundi okufanele bakwenze ukuqedela umsebenzi ngamunye.
3. **Bizela iQembu 3 endaweni yakho yokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Hlalisa iqembu Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo.
 - b. Biza umfundi ngamunye azofunda imisindo yemisindo.
 - c. Biza umfundi ngamunye azoqedela imisebenzi yokuguqulela enkulumeni (ukudikhoda).
 - d. Biza umfundi ngamunye afunde amagama noma ingxenye yendaba yesonto elidlule.
 - e. Bhala phansi amagama abafundi abadinga ukwesekwa.
 - f. Bhala phansi imisindo edinga ukuhlenganiswa.
4. **Ukusebenzisa izincwadi zebanga / Izincwadi zamazinga**
 - a. Yabela iqembu izincwadi zokufunda ezikhona. (Izincwadi zokufunda zeBanga / zamaZinga)
 - b. Lalela umfundi ngamunye efunda encwadini kuzwakale.
 - c. Uma kuhambelana nenqubomgomo yesikole nikeza abafundi izincwadi zebanga / izincwadi zamazinga baye nazo ekhaya.
5. **Buyisela iQembu 3 emadesikini alo, bese ubiza iQembu 4.**



Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Izinsiza
zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, amaQoqo eziNdaba Nezincwadi Zezindaba - zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokunqondisisa.



Ukulalela Nokukhuluma: Fundisa ulwazimagama bese nixoxa ngesithombe lwendikimba



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Amakhadi
olwazi-
magama,
izithombe,
izinto

Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

1. **Sebenzisa iKLTY ukufundisa ngolwazimagama.**

- Fundisa amagama alandelayo kulwazimagama:
 - ukwelapha: Izindlela zokusiza abantu bazizwe bengcono emoyeni nasemzimbeni.*
 - Umeluleki wezokwelapha: Umuntu oqeqeshiwe osebenzisana nawe uma udinga usizo ngendlela ozizwa ngayo noma ngomzimba wakho.*
 - lulama: ukuba ngcono emva kokulimala noma ukuphatheka kabi emoyeni.*
 - umnyakazo: Izenzo ezifana nokuzelula, ukudansa, ukugijima noma ukuqhaqhazela.*
- Sebenzisa amasu eKLTY ahambisana negama ngalinye.

2. **Yakha ulwazi lwangaphambilini lwabafundi.**

- Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 54.
- Tshela abafundi ngolwazi olulandelayo ngesithombe:
 - Wonke umuntu uyaludinga usizo kwesinye isikhathi. Kwesinye isikhathi abantu bazizwa benosizi, bedabukile, bethukuthele, begula noma bedidekile. Ngenkathi lokhu kwenzeka, kulungile ukucela usizo.*
 - Abanye abantu bazizwa bengcono ngenkathi bekhuluma. Abanye bazizwa bengcono ngenkathi bedweba, benyakazisa imizimba yabo, bechitha isikhathi nezilwane, noma bethola usizo kumuntu omdala abamethembayo.*
 - Baningi abantu abasiza abanye. La basizi kungaba amalunga omndeni, othisha, abeluleki bezengqondo, odokotela, izinyanga zesintu, abafundisi noma abanye abadala abathembekile.*

3. **Xoxa ngesithombe.**

- Sebenzisa imibuzo elandelayo ukuxoxa ngesithombe kanje:
 - Buza umbuzo wokuqala.
 - Yalela abafundi ukuthi baxoxe nozakwabo ngombuzo.
 - Biza idlanzana labafundi lizokwabelana ngezimpendulo zalo.
 - Yakha ulwazi lwabafundi lwangaphambilini ngokulungisa ukungaqondi nangokwabelana ngolwazi oluhambisana nendikimba.
 - Phindaphinda le ndlela kuyo yonke imibuzo.

4. **Imibuzo:**

- Yiziphi izinhlobo ezahlukeni abantu abathola ngazo usizo kule sithombe?*
- Ukukhuluma, ukudweba, ukunyakaza, noma ukuchitha isikhathi nezilwane kumsiza kanjani omunye ukuba azizwe engcono?*
- Ubani ongasizisa ngenkathi sinenkinga? Noma ngenkathi sizizwa sinosizi, sikhathazekile, noma sididekile?*



Imisindo: Buyekeza umndeni wemisindo



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Amakhadi
Emisindo
Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

1. **Tshela abafundi ukuthi namuhla sizobuyekeza imisindo ehlobene ne: *dl***
 - a. Khombisa abafundi ikhadi lemisindo lefonimu ngayinye kulawa alandelayo: *dl, n, w*
 - b. Cela abafundi ngabanye bafunde umsindo ngamunye.
 - c. Tshela abafundi babhale isihloko ezincwadini zabo: Umndeni wemisindo: *dl, n, w*
2. **Cela abafundi bahlanganise imisindo: *ndlw***
 - a. Tshela abafundi babhale phansi umsindo ohlanganisiwe nawo onke amagama abawaziyo asebenzisa lowo msindo ohlanganisiwe.
 - b. Emuva kwemizuzu embalwa, biza abafundi abahlukene babelane ngamagama abo.
 - c. Okulandelayo, bhala amagama alandelayo ebhodini, uwaphimise ngemisindo njengoba uwabhala: *isandlwana, indlwana, inkondlwana*
 - d. Tshela abafundi bakopishele la magama ezincwadini zabo futhi badwebele umsindo ohlanganisiwe.
3. **Qondisa abafundi emsebenzini wangoLwesithathu Encwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
 - a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 55.
 - b. Biza abafundi ngamunye bakusize ukulingisa umsebenzi ngamunye.
 - c. Babonise ukuthi yenziwa kanjani imisebenzi ebhalwayo ebhodini.

Qaphela: Tshela abafundi bayokwenza le misebenzi nozakwabo ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.



Ukubhala ngesandla: Zilolongele ukubhala ngokuhlanganisa



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Ishadi
Lokubhala
Ngesandla

1. **Lungiselela abafundi ukubhala ngesandla.**
 - a. Ithi: Masifudumeze iminwe yethu siyidlalise ngokuyivala siyivule.
 - b. Hlola bese ulungise indlela yokuhlala kwabafundi nokubamba ipensela.
2. **Bonisa ukuthi abhalwa kanjani la magama alandelayo ngokuhlanganisa:**
tswina, tsewula
 - a. Njengoba ubhala, chaza indawo yokuqala, indlela yokubhala nokuhlanganisa phakathi kwezinhlamvu.
 - b. Instruct learners to write the cursive words in their exercise books.
 - c. Hamba hamba ekilasini uhlohle umfundi ngamunye ukuthi: ulakha kanjani uhlamvu, uhlanganisa kanjani nokuthi izikhala uzishiya kanjani.



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Yenza Ukufunda Kokuqala



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Iqoqo
Lezindaba,
Ikhasi 77

1. Lungiselela abafundi Ukufunda Kokuqala.

- Hlalisa abafundi kukhaphethi.
- Bakhumbuze ngendlela elindelekile yokuziphatha.
- Khumbuza abafundi ngesihloko sendaba: *Amahlengethwa ayahlenga*
- Ithi: *Ngelinye ilanga ukuseni, umgwedli wamagagasi ogama lakhe lingu Todd Endris waphuma waya olwandlekazi eCalifornia. Wayegwedla ebhodini lakhe lokugwedla ngesikhathi ushaka omkhulu omhlophe umhlasela ngokuphazima kweso! Ushaka waluma umlenze kaTodd wabe esebhajwa ekujuleni kwamanzi. UTodd wazama ngawo wonke amandla akhe ukulwa, kodwa ushaka wawunamandla kakhulu. Ngalesi sikhathi edinga usizo, amahlengethwa ayisithupha amahle aphuthuma kuye. Abhukuda ngesiyingi esiminyene ezungeza uTodd. Ingabe uTodd wakwazi yini ukubuyela ebhishi elinesihlabathi ephephile? Akesifunde le ndaba eyiqiniso futhi ejabulisayo ukwazi kabanzi!*

2. Yenza Ukufunda Kokuqala kanje:

- Fundela ikhasi lendaba ngalinye phezulu, kushelele futhi kuzwakale.
- Khombisa abafundi izithombe.
- Lapho kufanele khona, yima uchazele abafundi.
- Balula amagama akulwazimagama uma evela.
- Ekugcineni kwendaba, buza imibuzo ngoKufunda 1 kanje:
 - Bhekisa Umbuzo 1 & 2 kubafundi ngamunye.
 - Bhekisa Umbuzo 3 & 4 ekilasini lonke. Cela abafundi baxoxe nozakwabo ngalo mbuzo.
 - Biza idlanzana labafundi lizokwabelana ngezimpendulo zalo.
- Khumbuza abafundi ngesu lokuqondisisa.
 - Ithi: Kuleli sonto sifunda indlela yokuthi: Buka ngeso lengqondo.
 - Buza abafundi: Ungakwazi ukuvala amehlo uzame ukubuka ngeso lengqondo okuthile kule ndaba njengasefilimini engqondweni yakho? Ubonani?



Ukubhala: Yethula uphinde uzijwayeze iKNZ



ISIKHATHI:
imizuzu
engama-20



IZINSIZA:
Akudingeki
zinsiza

1. **Yethula okugxilile kuKNZ (UKwakhekha Nezimiso Zolimi).**
 - a. Ithi: Kuleli sonto sizogxila kulokhu: Ukusebenzisa abacaphuni (izimpawu zokukhuluma) ukukhombisa amazwi akhulunywe ngumuntu (inkulumo ngqo).
 - b. Bhala umusho ebhodini: Ngathi, "Ngidinga usizo njengamanje!"
 - c. Chaza iKNZ kumongo: Abacaphuni (izimpawu zokukhuluma) basetshenziselwa ukukhombisa amazwi akhulunywe ngumuntu (inkulumo ngqo).
2. **Yenza iKNZ nabafundi.**
 - a. Bhala ebhodini: Uthisha wami wathi wonke umuntu uyaludinga usizo kwesinye isikhathi.
 - b. Buza abafundi: Sibafaka kuphi abacaphuni ukukhombisa lokho umuntu akusho ngqo? Iluphi olunye uphawu lokubhala okufanele silusebenzise?
 - c. Xoxisanani nabafundi: Uthisha wakhuluma la mazwi: Wonke umuntu uyaludinga usizo kwesinye isikhathi. Ngoba lawa amazwi kathisha ngqo, siwafaka phakathi kwabacaphuni. Abacaphuni banjengezimpawu zenkulumo ezikhethekile ezikhombisa okushiwo omunye umuntu. Singalandela lamagxathu: Uthisha wami wathi kusitshela ukuthi ngubani okhulumayo. Kufanele sibhale ukhefana ngaphambi kwamazwi akhulunyiwe. Abacaphuni bazungeza amazwi akhulunywe ngqo nguthisha. Igama lokuqala eliphakathi kwabacaphuni kufanele liqale ngosonhlamvukazi. Kufanele sifake ungqi ngaphambi kokuvala abacaphuni, ngoba kuyingxenye yalokhu okushiwo uthisha. Sibhala sithi: Uthisha wami wathi, "Wonke umuntu uyaludinga usizo kwesinye isikhathi."
3. **Nikeza abafundi ithuba lokwenza iKNZ ngokuzimela.**
 - a. Bhala ebhodini:
 - Uthisha wathi ngithanda isikole.
 - Abafundi bathi hawu nathi sithanda isikole.
 - Uthishanhloko wethu wathi isikole sethu sihamba phambili.
 - b. Chazela abafundi: Fakela izimpawu zokucaphuna endaweni efanele. Khumbula ukwengeza ikhefana, usonhlamvukazi nongqi emshweni wakho.
 - c. Nikeza abafundi imizuzwana baqedele umsebenzi.
4. **Hlola ukuqonda kwabafundi.**
 - a. Bizela abafundi ndawonye.
 - b. Biza abafundi abahlukahlukeni bazokwabelana ngezimpendulo zabo.
 - c. Khomba: Abacaphuni (izimpawu zokukhuluma) basetshenziselwa ukukhombisa amazwi akhulunywe ngumuntu (inkulumo ngqo).



UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Sebenza namaQembu 5&6



ISIKHATHI:
imizuzu
engama-30



IZINSIZA:
Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

Izincwadi
zebanga /
Izincwadi
zamazinga
(ezingahli-
nze kwanga
yiNHLRP)

1. **Lungiselela abafundi ukuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Qiniseka ukuthi abafundi bayawazi amaqembu abo okufunda.
 - b. Hlalisa abafundi ngababili kanye Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo, izincwadi zokubhalela namapensela.
 - c. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 55.
2. **Sebenzisana nabafundi emsebenzini yosuku eNcwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
Khumbuza abafundi okufanele bakwenze ukuqedela umsebenzi ngamunye.
3. **Bizela iQembu 5 endaweni yakho yokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Hlalisa iqembu Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo.
 - b. Biza umfundi ngamunye azofunda imisindo yemisindo.
 - c. Biza umfundi ngamunye azoqedela imisebenzi yokuguqulela enkulumeni (ukudikhoda).
 - d. Biza umfundi ngamunye afunde amagama noma ingxenye yendaba yesonto elidlule.
 - e. Bhala phansi amagama abafundi abadinga ukwesekwa.
 - f. Bhala phansi imisindo edinga ukuhlanganiswa.
4. **Ukusebenzisa izincwadi zebanga / Izincwadi zamazinga**
 - a. Yabela iqembu izincwadi zokufunda ezikhona. (Izincwadi zokufunda zeBanga / zamaZinga)
 - b. Lalela umfundi ngamunye efunda encwadini kuzwakale.
 - c. Uma kuhambelana nenqubomgomo yesikole nikeza abafundi izincwadi zebanga / izincwadi zamazinga baye nazo ekhaya.
5. **Buyisela iQembu 5 emadeskini alo, bese ubiza iQembu 6.**



Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Izinsiza
zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, amaQoqo eziNdaba Nezincwadi Zezindaba - zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokunqondisisa.



Imisindo: Buyekeza umndeni wemisindo



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Amakhadi
Emisindo
Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

1. **Tshela abafundi ukuthi namuhla sizqhubeka nokubuyekeza imisindo ehlobene ne: *dl***
 - a. Tshela abafundi babuyele esihlokweni ezincwadini zabo: Umndeni wemisindo: *dl, n, w*
2. **Cela abafundi bahlanganise imisindo: *ndl***
 - a. Tshela abafundi babhale phansi umsindo ohlanganisiwe nawo onke amagama abawaziyo asebenzisa lowo msindo ohlanganisiwe.
 - b. Emuva kwemizuzu embalwa, biza abafundi abahlukene babelane ngamagama abo.
 - c. Okulandelayo, bhala amagama alandelayo ebhodini, uwaphimise ngemisindo njengoba uwabhala: *indlela, indlala, indlu*
 - d. Tshela abafundi bakopishele la magama ezincwadini zabo futhi badwebele umsindo ohlanganisiwe.
3. **Phinda ngokuhlanganisa imisindo: *dlw, imidlwana, ukudlwathuzela***
4. **Qondisa abafundi emsebenzini wangoLwesine Encwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
 - a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 56.
 - b. Biza abafundi ngamunye bakusize ukulingisa umsebenzi ngamunye.
 - c. Babonise ukuthi yenziwa kanjani imisebenzi ebhalwayo ebhodini.

Qaphela: Tshela abafundi bayokwenza le misebenzi nozakwabo ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.



Ukubhala ngesandla: Zilolongele ukubhala ngokuhlanganisa



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Ishadi
Lokubhala
Ngesandla

1. **Lungiselela abafundi ukubhala ngesandla.**
 - a. Ithi: Masifudumeze iminwe yethu ngokucindezela izandla zibe yisibhakela sibale ka-5, bese sikhulule.
 - b. Hlola bese ulungise indlela yokuhlala kwabafundi nokubamba ipensela.
2. **Bonisa ukuthi ubhalwa kanjani lo musho olandelayo ngokuhlanganisa:**
Iitsaka sikababa siyabonakala.
 - a. Njengoba ubhala, chaza indawo yokuqala, indlela yokubhala nokuhlanganisa phakathi kwezinhlamvu.
 - b. Yalela abafundi ukuba babhale imisho ngokuhlanganisa ezincwadini zabo zokubhalela.
 - c. Hamba hamba ekilasini uhlohle umfundi ngamunye ukuthi: ulakha kanjani uhlamvu, uhlanganisa kanjani nokuthi izikhala uzishiya kanjani.



Ukufunda Ngokuhlanganyela: Yenza Ukufunda Kwesibili



ISIKHATHI:
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:
Iqoqo
Lezindaba,
Ikhasi 77

1. **Lungiselela abafundi Ukufunda Kwesibili.**
 - a. Hlalisa abafundi kukhaphethi.
 - b. Bakhumbuze ngendlela elindelekile yokuziphatha.
 - c. Khumbuza abafundi ngesihloko sendaba: *Amahlengethwa ayahlenga*
 - d. Khumbuza abafundi ngesu lokuqondisisa.
 - Khumbuza abafundi ngesu lokuqondisisa.
 - Ithi: Kuleli sonto sifunda indlela yokuthi: Buka ngeso lengqondo
 - Ithi: Khumbulani besixoxa ngalokhu izolo, ngesikhathi nginibuza: Ungakwazi ukuvala amehlo uzame ukubuka ngeso lengqondo okuthile kule ndaba njengasefilimini engqondweni yakho? Ubonani?
2. **Yenza Ukufunda Kwesibili kanje:**
 - a. Fundela ikhasi lendaba ngalinye phezulu, kushelele futhi kuzwakale.
 - b. Khombisa abafundi isithombe.
 - c. Sebenzisa izibonelo ezisekhasini lesingeniso ukukhombisa isiqondiso sokuqondisisa.
 - d. Ekugcineni kwendaba, buza imibuzo ngoKufunda 2 kanje:
 - Bhekisa Umbuzo 1 & 2 kubafundi ngamunye.
 - Bhekisa Umbuzo 3 & 4 ekilasini lonke. Cela abafundi baxoxe nozakwabo ngalo mbuzo.
 - Biza idlanzana labafundi lizokwabelana ngezimpendulo zalo.



Ukubhala: Uthisha ubonisa indlela yokuhlela



ISIKHATHI:
imizuzu
engama-20



IZINSIZA:
Uhlaka
lokubhala

1. **Ethula isihloko sokubhala.**
 - a. Ithi: Kulo mjikelezo sizobhala: Isikhathi engangidinga usizo.
2. **Chaza impendulo yakho yomsebenzi obhalwayo, ngaphambi kokuwubhala. Sebenzisa uhlaka lokubhala.**
 - a. Ithi: Ngizobhala mayelana nesikhathi engangidinga usizo lo, wangisiza ngokuthi a
3. **Bonisa ukuhlelwa komsebenzi obhalwayo ebhodini.**
 - a. Dweba ngokushesha isithombe esikhombisa: Umuntu owakusiza.
 - b. Sebenzisa imephu yengqono ukuhlela indaba yakho:
 - Kwenzekani?
 - Kwakuyini inkinga?
 - Wazizwa kanjani?
 - Wathini ngalokho?
 - Ngubani oweza wazokusiza?
 - Wafike wathini?
 - Wayixazulula kanjani inkinga?
 - Ekugcineni wazizwa kanjani?
4. **Enza abafundi bacabange.**
 - a. Ithi: Kusasa, nizohlela eyenu imibhalo. Nize nemibono yenu kusasa.

Uhlaka lokubhala:

Ngelinye ilanga nga...

Ngokukhulu ukuzuma...

Ngazizwa...

wathi "..."

Emuva kwalokho, ____ weza wazongisiza.

wabe esethi "..."

Sobabili si...

Ekugcineni ngazizwa...



UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Sebenza namaqembu 7&8



ISIKHATHI:
imizuzu
engama-30



IZINSIZA:
Incwadi
Eyisisekelo
Sokufunda

Izincwadi
zebanga /
Izincwadi
zamazinga
(ezingahli-
nzezwanga
yiNHLRP)

1. **Lungiselela abafundi ukuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Qiniseka ukuthi abafundi bayawazi amaqembu abo okufunda.
 - b. Hlalisa abafundi ngababili kanye Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo, izincwadi zokubhalela namapensela.
 - c. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 56.
2. **Sebenzisana nabafundi emsebenzini yosuku eNcwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
Khumbuza abafundi okufanele bakwenze ukuqedela umsebenzi ngamunye.
3. **Bizela iQembu 7 endaweni yakho yokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
 - a. Hlalisa iqembu Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo.
 - b. Biza umfundi ngamunye azofunda imisindo yemisindo.
 - c. Biza umfundi ngamunye azoqedela imisebenzi yokuguqulela enkulumeni (ukudikhoda).
 - d. Biza umfundi ngamunye afunde amagama noma ingxenye yendaba yesonto elidlule.
 - e. Bhala phansi amagama abafundi abadinga ukwesekwa.
